
# Ukugqugquzela ubulili babantwana emakhaya

Kwinkulisa yethu/ isikole sethu, sifundisa ukuthi wonke umntwana unelungelo lokwenza okukhulu futhi akukho okungamvimbela, ngale kobulili bakhe.

## Abantwana bafunda ngokwanele uma:

- Bexhumana nabanye abantwana kanye nabantu abadala ababazungezile.
- Abanakekeli babo kanye nothisha benza bazizwe bevikelekile futhi begqugquzelekile
- Bekwazi ukwenza imidlalo ehlukehlukene
- Begqugquzelekile ukwenza imisebenzi enhlobonhlobo

## Ezinye izinkolelo kwizindima zobulili zingavimbela abantwana ukuba:



badlale ezinye izihlobo zemidlalo



badlale ngamathoyizi athile



baxhumane nabantu abadala ezimpilweni zabo



badlale futhi baxhumane nabanye abantwana futhi bathathe indima ehlukile emdlalweni

Lezizinkolelo micabango ngezobulili zingaguqula indlela abantwana abangafunda ngayo. Kungaphazamiza indlela abakhetha ngayo ekukhuleni kwabo, kungaba ubudlelwano noma ezemfundo nokuqeqesheka....

Yingako inkulisabantwana/ isikole sikhuthaza ukulingana ngokobulili!

## Nawe ungayidlala indima

Ukudlala, ukuxhumana kanye nokukhuluma nomntwana wakho kubalulekile ekukhuleni nasekufundeni kwakhe. Ekudlaleni kwakho nasekuxhumaneni, ungaphosela inselelo noma ugweme izinkolelo ezingavimbela umntwana wakho ekukhuleni ngokuphelele nasekufundeni.

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

vvob
education for development

Read to Lead
A Reading Nation is a Leading Nation

2030 NDP

# Amasu angasiza ukukhulisa abantwana ngale kobulili obahlukene

**1**
Gqugquzela umntwana azise futhi ahloniphe abanye abantu.



**2**
Thola izibonelo ezinhle zobulili obuhlukahlukene empilweni yomntwana wakho.

**3**
Nikeza amathuba alinganayo kubo bonke abantwana ngale kobulili babo.

**4**
Fundisa futhi uqguqguzele izingxoxo ngobulili endaweni okuyo.

**5**
Nikeza imisebenzi ngokulingana kubamntwana ngale kobulili babo.

**6**
Sebenzisa uhlobo lolimi oluzosekela ukulingana ngokobulili.



**7**
Gquqguzela umntwana wakho ukuba akhulume ngokukhululeka `akwazi ukuzithathela izinqumo.



**8**
Phatha abantwana bobulili obuhlukene ngendlela efanayo.



**9**
Khuthaza ukuphathana kahle kubantwana.




**10**
Yiba isibonelo esihle ekuboniseni abantwana ukuthi bangaxazulula kanjani ukungezwani ngaphandle kodlame.

**11**
Gqugquzela umtwana ekuzimbandakanyeni kwizinhlobonhlobo zemidlalo.



**12**
Gqugquzela abantwana ukuba badlale ngezinhlobonhlobo zamathoyizi.





**13**
Qaphela uma uthenga noma wenza amathoyizi angabi awobulili obubodwa.



**14**
Gwema izinhlelo ezigcwele ubulili obubodwa.



**15**
Ekhaya lakho bonisa ukuthi yonke imisebenzi yokunakekela ingenziwa iwowonke umuntu ngale kobulili babo.

**16**
Vumela abantwana bafunde ngokuhlukana ngokobulili ngale kweminyaka yabo.

**17**
Funa imisebenzi eyenziwa abesifazane ukhombise umntwana besebenza.

**18**
ungavumeli ukuchukuluzana ukuhlukumezana kanye nodlame.



**19**
Khuthaza umntwana ukuveza imizwa yakhe.

**20**
Vumela umntwana akhethe amathoyizi anemibala ehlukene Kanye nezingubo ngale kobulili.

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

vvob
education for development

Read to Lead
A Reading Nation is a Leading Nation

2030 NDP